



Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane

Candice Dingwall Steven McKimmie Telri Stoop

Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane

Le ncwadi ngeka







Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane

Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane

Illustrated by Steven McKimmie

Written by Candice Dingwall

Designed by Telri Stoop

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 June 2015.

ISBN: 978-1-928377-69-6


This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.



Candice Dingwall Steven McKimmie Telri Stoop


**UNtuthwane Omncane wayekuthanda ukufunda.
UNtuthwane Omncane wayede egconwa.**

**“Izintuthwane vele azifundi.
Izintuthwane kufanele zazi ukudla nje kuphela.
Izintuthwane ziqoqa ukudla ezikudingayo.”**






UNtuthwane Omncane wayefunda usuku lonke,
wayefunda efunda usuku lonke. Ezinye
izintuthwane zazicosha ezikutholayo zikugcinele
isikhathi sasebusika ngaphansi komhlaba.



Umama nobaba bacasuka kakhulu, kanti
noNtuthwane Omncane waphatheka kabi kakhulu.





Ekwindla lapho amaqabunga ewela phansi,
izintuthwane kufanele ukuthi zigcine ukudla kwazo
emgodini ngaphansi.

Indlovukazi yona ifuna ukudla ukuthi kugcwale enqolobaneni, nokusho ukuthi zonke izintuthwane kusafanele ukuthi zisebenze kakhulu.






UNtuthwane Omncane uyaqala uyamemeza ngendawo afunde ngayo, “Thina lapha sidinga irestorenti, nokuyindawo lapho abantu behamba bafike badle khona. Kushiwo njalo lapha ezincwadini zami engizifundayo.”



**Zasuka lapho izintuthwane zamasha zihamba
ngazodwana. Zihamba zibheke ngalapho kushona
ngakhona ilanga.**






Khona manjalo uNtuthwane Omncane wathi,
"Hhayi bo, nansiya irestorenti!"





Zaqhubeka izintuthwane zihamba zilandelana
zishaye ujenga, zithwele ibhega, zithwele ibhanisi.

Kwathi lapho izintuthwane zibuya indlovukazi
yabe ithokozile. Kwagcwala izinqolobane.
Kwadansa yonke intuthwane yinjabulo.





UNtuthwane Omncane wabe esethola ukwangiwa
nguMama noBaba wakhe.

Udadewabo kaNtuthwane omncane wabamba
isandla sakhe wathi, "Uyabona manje ngicabanga
ukuthi ngiyakuqonda okwenzekayo.

Indlela othanda ngayo ukufunda incwadi ...
Yenza ukuthi nami ngifune ukufunda incwadi."



